
AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS

**Abadidiyeli**


Editor
Nash Ngcobo
btnewsinfo@gmail.com

Sales Manager
Jolie Radebe
sales@btnews.co.za

Follow us on
Facebook: BTNews
Instagram: btnews2023
www.btnews.co.za


Nash Ngcobo
083 301 0869


Thobile Blose
079 227 8383


Thobile Zwane
082 382 9563

# Icaciswa ngebhuku eyokulwa nengcindezi

**Nash Ngcobo**

USUKE wazithola usesimweni sokubhekana ngesimo sokuhlukunyezwa ngezindlela ezahlukene futhi ungenamuntu ongakhuluma naye ngalesi simo?

Lesi simo uMulalo Ntsaki Mabogo usichaza kangcono ebhukwini lakhe elisihloko sithi "16 Missed Call".

Ziningi izindlela ozithola uhlukumezeke ngazo uma ushayela noma ushayelwa ngumuntu ucingo lungaphendulwa kuze kube ngamahlandla ayi_16.

Lo mbhali ongumhlengikazi ukhuluma ngendlela yokunqoba le ngcindezi kulowo osuke ebhekene nayo.

Umbhali ungena agamanxe ezinkingeni ezidalwa yisimo abaningi abazithola bekusona, okuvame kwabesifazane abaphila naso okufanele bazikhulule kusona nesingakhombisa ukuthi unamandla angakanani okuphila impilo oyithandayo.

Le mpilo uthi mayingenzeki kunoma ngubani ngoba ibhebhezela udlame lobulili abanye abangasho lutho ngalo ngoba bezitshela ukuthi bakhombisa ukwethembeka kubantu ababaphilisa le mpilo.

UMabogo uphonsela inselelo kubo bonke abazithola bekulesi simo ngokuthi babe nesibindi, babhoboke ngaso.

Uthi owesifazane (34) obekulesi simo ugcine ezikhululile kusona, wazibona ezelwe kabusha emva kokubhekana ngqo naso

Uthi akusophinde empilweni yakhe kube nesimo esibusayo ngale ndlela, usenekhaya nesixazululo sokuphila ngokuthula nangokujabula.

Weluleka abanye ngokufunda kulokhu akutholile ukuthi angayivumeli ingcindezi ilawule ukuphila kwakhe, nawe uzozithola usuzelwe kabusha.






Le libhuku" 16 Missed Calls" liyatholakala ngokulandela uMabogo ezinkundleni zokuxhumana.

- Instagram Mulalo Mabogo
- Twitter_@Ntsakolalo,
- email mulalowritings@gmail.com
- Cellphone 079 982 0366 071 274 5811



UMULALO Ntsaki Mabogo umbhali webhuku l "16 Missed Calls" eleluka Abantu ngokungavumeli ingcindezi edalwa wukuhlukunyezwa, abalifunde bavuke bazithathe




BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY
**FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email:
btnewsbookings@gmail.com

**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO
ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!
e-mail: thobileb@btnews.co.za




Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: btnewsinfo@gmail.com

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IThekutalks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Izakhamizi eziwu-1 000 zithole amatayitela

ISHINTSHILE impilo yemindeni ebalelwa ku-1 000 ngomhla ka-1 Septhemba ngesikhathi uMasipala uyinikeza amatayitela emizi yayo.

Umcimbi wokukhipha lawa matayitela ubuseCornubia Sports Field.

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natali uSipho Nkosi, iMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda noSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Themba Mvubu yibona abebephethe lo mcimbi.

Itayitela linikeza labo abahlomule ngezindlu ilungelo lobunikazi baleyo yindlu.

Lo mcimbi wenziwa nje, uNgqongqoshe uNkosi uphuthumisa uhlelo lokukhishwa kwamatayitela njengohlelo oluseqhulwini ehhovisi lakhe.

Amanye amatayitela ezindlu ezakhiwe ngaphambi kuka-1994 anikezwe kwabahlomula ngalezi zindlu abavela ezindaweni ezahlukene okubalwa kuzona i-Austerville, iShallcross, iChatsworth, iBonela, iMayville, neChesterville.

Kuphinde kwakhishwa namatayitela ezindlu ezakhiwe ngemuva kuka-1994 ezakhamizi zaseKingsburgh West, eParkgate, eCornubia, eTshelimnyama, eSt Wendolins, KwaMashu kwa-C, eSithundu Hills, KwaDabeka, naseNtuzuma kwa-D.

Phakathi kwabahlomulile kubalwa uRegina Mthalane oneminyaka ewu-91 waseChesterville othe usekhululekile njengoba esethole itayitela lomuzi wakhe.

UNgqongqoshe uNkosi ugqugquzele abahlomulile ukuthi bangayidayisi imizi yabo.

"Siyazi ukuthi abanye abantu uma sebefake izicelo zokwakhelwa izindlu, bazithola, babe sebeyazidayisa. Sikhuza umphakathi ngalokhu," usho kanje.

Wengeze wathi kuyajabulisa ukubona amatayitela enikezwa izakhamizi eziqhamuka ezindaweni ezahlukene.

IMeya uKaunda ithe umcimbi wokunikeza abantu ubunikazi obufanele bemizi yabo wumcimbi obalulekile.

"Sibuyisa isithunzi sabantu namhlanje ngokubanikeza amatayitela. Uhlelo lwezindlu lwaseCornubia nalo luyaqhubeka kulo nyaka ukuze sihlangabezane nesidingo sezindlu esikhona. Ngiyanikhuthaza ukuthi ingqalasizinda kaMasipala niyiphathe ngenhlonipho. Siyabahalalisela bonke abahlomule ngamatayitela namhlanje," usho kanje.

Uthe bahlela ukwakha izindlu eziwu-13 000 eCornubia ukuze abantu basondele ezindaweni abasebenza kuzona nakwamanye amathuba.







**UMasipala ukhiphe amatayitela ezakhamizi eziwu-1 000 ezivela ezindaweni zikaMasipala ezahlukene ngomhla ka-1 Septhemba emcimbini obuneMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda, uNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi uSipho Nkosi, kanye noSihlalo wezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Themba Mvubu.** Izithombe: ZITHUNYELWE

## Ishayelwe ihlombe ngokufukula amabhizinisi amancane imibukiso

IZINHLELO ezimbili zokuthuthukisa amaSMME zikaMasipala weTheku, okuyiDurban Business Fair (DBF) neDurban Fashion Fair (DFF), zishayelwe ihlombe ngokuhlinzeka osomabhizinisi abancane inkundla ukuze bakhule futhi bathuthuke. Osomabhizinisi bancome lezinhlelo ngokubaxhumanisa namathuba nokukhangisa amabhizinisi abo.

I-DBF neDFF isingathwe ngempumelelo kusukela ngomhla ka-20 kuya ku-24 Septhemba e-INkosi Albert Luthuli International Convention Centre naseDurban Exhibition Centre kanti ihehe izihambeli ezibalelwa ku-20 231. Bekunamabhizinisi awu-609 akhangise ngemikhiqizo yawo.

Okugqame kakhulu kulezi zinhlelo wukusingathwa kwamaDBF Excellence Awards ngomhla ka-23 Septhemba. Le miklomelo ibihlanganisa amaDFF Recognition Awards namaLion's Den Business Plan Competition Awards. Amabhizinisi awu-23 ahlomule ngemiklomelo yokweseka amabhizinisi efinyelela kuR50 000 ibhizinisi ngalinye, kanti amabhizinisi entsha yiwona adle umhlanganiso ukuwedlula wonke kule miklomelo.

AmaDBF Excellence Awards abenezigaba ezinhlanu. Indondo yeDBF Excellence Award inqotshwe yi-Afya Food kwathi i-Eagle Eye Clothing yathatha iYouth-Owned Business Award. Umklomelo iRural/Township-Based Award uthathwe ngabakwa-Insika Interiors. I-Mrs HairFidance iwine emkhakheni wamabhizinisi aphethwe ngabantu besifazane kwathi iMy Space Academy yahlomula umklomelo iLong-Stand Special Recognition Award.

Ama-Lion's Den Business Competition Awards abenemikhakha emithathu ebigqugquzela ukusungula imikhiqizo emisha nokuncintisana kosomabhizinisi. IGuru's Eatery iwine ingaphansi kwesigaba se-Emerging Business kwathi i-M Branding & Advertising yathatha indawo yesibili. Emkhakheni we-Established Business, iPremier Group iphume phambili kwathi iBabuse General Trading yathatha indawo yesibili. I-Spot on Fire Control ithole i-Entrepreneurial Excellence Award, iPro Resin yaphuma isibili.

Emiklomelweni amaDFF Recognition Awards, uZamaswazi uqokwe njengoMsiki weNgqephu Wonyaka, iMartin John Bespoke yathatha indondo iFashion Innovation Award. Emkhakheni weBest Women's Collection kunqobe i-Eullue kwathi kwiBest Men's Collection kwaba yiVyagor Louve.

I-Best Collection of the Week itholwe yi-EYC Couture kwathi iJigga yamenyezelwa njengoMsiki Wengqephu Osafufusa wango-2023. Ngaphezu kokuthola amasheke emali, bobabili laba basiki bengqephu bakhethwe ukuthi bahlinzeke imikhiqizo yabo ezitolo zakwa-Edgars.

Khonamanjalo, esigabeni seDFF Rising Star uSduduzo Nkwanya udle umhlanganiso kwathi uSilondile Makhanya wathatha indawo yesibili, uNokuzola Ndlovu waphuma isithathu. KwiDFF New Faces (amamodeli), uNobuhle Mnguni uwine esigabeni seStandard Size Female Category kwathi iPlus Size Female Award yatholwa nguFezeka Dlamini. ULwandle Khulu uwine emkhakheni wamamodeli abesilisa.

USihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela uKhansela Thembo Ntuli uncome iDBF ne-DFF.

"Lezi zinkundla seziyindlela ebalulekile yokuthuthukiswa kwamaSMME. Sibe namazwe ase-Afrika namanye amazwe omhlaba angaphezu kwayishumi kwiDBF, futhi sinesiqiniseko sokuthi kukhona amathuba amabhizinisi akhekile ngale mibukiso. Ngale miklomelo, sihlose ukukhuthaza ukusebenzisana kahle kwamabhizinisi. Ukwesekwa ngokwezimali, ukwelulekwa nokuthuthukiswa kwamakhono okunikezwa labo abawinile kwenzelwa ukuthuthukisa amabhizinisi abo. AmaSMME abalulekile ekudaleni amathuba emisebenzi nasekufukuleni umnotho wakuleli," usho kanje.




**Babalelwa ku-20 231 abantu abahambele umbukiso wezamabhizini nemfashini ukweseka imikhiqizo eyenziwe ekhaya. UMasipala uphinde waklomelisa amabhizinisi ahamba phambili njengendlela yokukhuthaza umsebenzi oseqophelweni eliphezulu, ukusungula imikhiqizo emisha nokuncintisana.**

ETHEKWINI MUNICIPALITY
CHA NGOKULAHLA
UDOTI NGOKUNGEMTHETHO
REDUCE • REUSE • RECYCLE



# OweMbewu udlala eKhabza De Khabza

**Nash Ngcobo**

UMLINGISI ohamba phambili emidlalweni kamabonakude Imbewu uzokhombisa ngethalente lomculo. Lowo nguSandile Dlamini odume ngelikaShongololo kumabonakude uzodlala neqembu lakhe lomculo eKhabza De Khabza Art Centre ku_134 Sivivane Road eNtshongweni eHammarsdale ngoMfumfu 1 (October) ngo_12hO0 emini.

UDlamini osezimbonini ezinhlobonhlobo eMlazi naseThekwini, uzokhombisa ngethalente elimcabele indlela yalapho esekhona okungumculo.

Kule lukhonsathi lakhe lokuqala eNtshongweni uzoqhulula amanoni akhe akuma_ album amathathu asanda kuwa_ producer.

USandile osedlale kumakhonsathi amaqembu nabaculu abehlukene, uqale umculo eqenjini lasekhaya iThe Goings maseziqalela elakhe iJama Afro Band ngowe_1984

Ngowe_1986 ufudukele eGoli nokuyilapho eshelwe khona wuMbongeni Ngema wajoyina iSarafina The Musical azungeza nayo amazwe amaningi emhlabeni.

Yize esezinhlakeni zamabhizinisi eMlaza naseThekwini, umatasa ngokwethula izifundo zomculo kubaculi abaningi abasafufusa nasebevuthiwe.

Ngowe_1998 uthenge ibhizinisi iKitchen Express maqede wadlulela kwiCoastal Zone Entertainment. Maningi amanye amabhizinisi alandela emva kwalawa. Elinye lawo wasungula iMafikizolo okuyiqembu elihlonishwayo emculweni wakuleli.

Useke wadlala kwiJoyous Celebration kusukela ngowe_1999 -2006, okuthe ngowe_2002 emva kokuzungeza neMafikizolo emazweni aphesheya, wabuyela ekhaya eMlaza ngowe_2012. Ungashiywa wukubona elinye ikhono likaShongololo. Kungenwa ngo_R100 noR50 kwabasafunda kanti ukudla neziphuzo kuyadayiswa. Ngemininingwane shayela uVusi Mkhize ku_0725077344



USANDILE Dlamini usaziwayo emidlalweni Imbewu uzodlala beqembu lakhe lomculo eKhabza De Khabza Arts Centre eNtshongweni ngo_October 1



IPHINI likaMengameli we Zwe uMnuz Paul Mashatile ethula inkulumo emgubhweni woSuku lwamaGugu ePrincess Magogo Stadium KwaMashu muva nje

# Olwamagugu aluqinise ubunye eNingizimu Afrika

**Nash Ngcobo**

UKUGUJWA kosuku lwamagugu nokwethulwa kwemidlalo kazwelonke yesintu, kugqugquzele uxolo nokwamukelana kwezinhlanga zaseNingizimu Afrika.

Lokhu kugqame kakhulu enkulumweni yosuku yePhini likaMengameli weZwe uMnuz Paul Mashatile ayethule ngosuku lwamagugu olugujwe ePrincess Magogo Stadium KwaMashu.

UMashatile nohulumeni obusayo baqoke le ndawo ngenxa yomlando wayo ojulile ekulweleni amalungelo abantu kanjalo nokuhlabela phambili ekusebenzeleni ubunye nentuthuko yabasahlupheka namanje ngezindlela ezahlukene.

Akakushiyanga ngaphandle ukuzigqaja ngamagugu obuntu bukaMntwana uMgago kaDinuzulu, owayekuqhakambisa ngomxulo. Kanjalo nomholi kaKhongolose uPixley ka_Isaka Seme owafundisa uMntwana waKwaPhindangene ubuholi nokusebenzela umphakathi.

Uthe yize sesiyitholile iNingizimu Afrika engacwasi muntu ngokwebala nangenkolo, aluphelele uma amagugu nomlando wezizwe ezihlala kuyona Uma kungahlonishwa futhi kungagujwa.

"Asifundisane ukuthi simunye siyeke ukuphila ngobuqembuqembu ngokwepolitiki. Ubunye bethu abukhonjiswe nokusebenzela abantu ngeqiniso, silwele intuthuko nokuhlonipheka nokuhloniphana njengezizwe zaseNingizimu Afrika.

"Usuku lwamagugu ngolokusihlanganisa, samukelane futhi sifunde okuningi ngamasiko ahlukene ngokuthi sihloniphane kukho konke esikwenzayo," kusho uMashatile.

Ubonge Zonke izinhlanfa ebezihlanganyele kulo mgubho, wagqugquzela nokugqanyiswa kwemidlalo yesintu kazwelonke ebiseThekwini.

Uthe kuyamjabulida ukuba yizikhulumi kulo mcimbi njengoba eke waba yiPhini lokaNgqongqoshe kazwelonke wezobuCiko namaSiko.

Udalule ukuthi nakuba kusekuningi okwehlusa umlando wabamnyama okwenziwa yinqubo yobukolono nobandlululo, uyaziqhenya ngokukhanya kwendlela ebheke Phambili ekunqobeni lesi sihlava, okuyinto eyenza abantu babe munye ekucabangeni nasekwenzeni izinto.

Uveze nokuthi makuqhutshekwe nomkhankaso kaMengameli weZwe uMnuz Cyril Ramaphosa wokuqinisa ukwakha ubunye lapha KwaZulu_ Natali okuyinto uNdunankulu kaZulu uMangosuthu Buthelezi ayishumayele, wayisebenzela waze walishiya elimagade.

Lo lusuku lwamagugu uthe maluqhubeke nokuxhumanisa abantu, luvuselele ubuntu nokuhloniphana kanjalo namasiko nomlando ukuze kudluliselwe kalula esizukulwaneni esizayo.

# My Heritage, My Pride

## *Umlazi ubungaze usuku lwamagugu ngesitayela ezito Cele Park, Umlazi ka D*

**Nokubonga Mzulwini**

UMLACTO ubambisene noMasipala wetheku bathatha isinqumo sokwenza idili likamkhipheni endaweni yaseMlazi esigcemeni saka D mhla zingamashumi amabili nanhlanu kuMandulo, eZito Cele Park okuyilapho umphakathi ubuhlangene khona ngenhloso yokuzobungaza usuku lwamagugu. uMphakathi waseMlazi usihloniphile isimemo watheleka ngobuningi bawo, ilabo abafike behlobile ngezingubo zabo zesintu, abanye befake ubuhlalo kanye nemvunulo ehambiselana nesintu sabo.

Umlacto uzinikele ekusebenzeleni uMphakathi njengoba lenkampani iphathelene kakhulu nokulwela abaculi abasafufusa kanye namanye amalunga omphakathi ayingxenye yomkhakha wezamaciko. Umlacto uyalekelela ukulwela abasemkhakheni yezamaciko ngenhloso yokuth bakwazi ukuthola uxhaso kanye nezindawo zokuthi bakwazi ukukhombisa amakhono abo kwazise phela amaciko esezindaweni zasemalokishini ajwayele ukukhala ngokuthi ashawa indiva kanti futhi awanikezwa inkundla yokuthi aveze amakhono awo.

Umnumzane Sandile Dlamini owaziwa ngelikaShongololo kwiMbewu uphinde abe usihlalo wayo lenkampani eletha ushintsho emphakathini unikezwe ithuba lokwamukela amalunga omphakathi aphinde abeke amabili amathathu ngokubaluleka kokuzazi uma uwumuntu ukuthi uphumaphi. uMnu Dlamini uthe ukusika elijikayo endabeni yokulutha eyake yehlela ilizwe laseNingizimu Africa okuyilapho abantu bavukwa ubhongwane lokuthi bangene ezitolo zonkana bazithathele impahla baphinde bacekele phansi ifenisha kanye nezitolo okwagcina sekuba nomthelela omubi esizweni sabantu abamnyama njengoba kwagcina sekuvalwa ezinye zezitolo ngesizathu sokuthi ayisekho inkece yokuzilungisa. Abanye abantu bagcina sebelahlekelwa imisebenzi, uMnu Dlamini ukubeke obala ukuthi abantu bazigwaza ngowabo. Ube esexwayisa amalunga omphakathi ngokuthi kubalulekile ukubambisa kanye nokugwema izinto ezilimaza umphakathi.



I DCR, Ivory Coast kanye ne South Africa ngelanga lomcimbi.

Umnu Dlamini uphinde wakhuluma ngokubaluleka kokuthi abantu bazazi ukuthi baphumaphi futhi baziqhenye ngobuzwe babo. Wabe esencoma nezimfanelo abantu abamnyama abanazo okuyilapho ebale khona impucuzeko, inhlonipho nokwazisa omunye umuntu. Ube esegcina ngokuthi kubalulekile ukufundisa abantwana abasakhula ukubaluleka kokuhlonipha kanye nokubingelela ngoba ilapho umntwana athola khona izibusiso ezizomenza umuntu oncono kusasa.

Lomcimbi obe impumelelo awugcinanga ngokuhlonishwa amalunga omphakathi kuphela njengoba kufike nezihambeli eziphuma emazweni ayizihlobo, okubalwa I Democratic Republic of Congo kanye ne Ivory Coast. Lesi senzo sikhombise ubuntu kanye nokubambisana njengabantu abawuhlanga olulodwa.

Umama uRita Makhanya obeyingxenye yalomcimbi obehamba nezingane azihlolayo ebezizothamela lomcimbi ziphinde zinandise uqale ngokubonga umasipala wetheku ngokubanikeza amabhasi okuthi bakwazi ukuya emhlangeni wabe esebonga no Umlacto ngokuvulela izingane inkundla yokuthi zizofunda ngamasiko azo ziphinde zenze nento eziyithandayo okuwukusina ingoma. Umama uRita ungaphansi lohlelo lokugqugquzela izingane emphakathini ngokubaluleka kokuziphatha kahle ngesizathu sokubavikela ezintweni ezingalungile ezenzekayo ezweni, kanti akagcini lapho uphinde abe neqembu lakhe lebhola khona emphakathini .

Ube esengenelela kwinhloso yosuku wakubeka obala ukuthi kubalulekile ukugubha usuku lwamagugu kanti futhi uyathemba ukuthi izingane ahamba nazo kuningi ezizokufunda ngalolusuku.

Umama uRita uphethe ngelokuthi ubecela uxhaso kunoma ubani ongathanda ukufaka isandla, kwazise phela lonke uhambo olufikayo lwezingane kumele athathe emalini yakhe yempesheni ukuze zikwazi ukuthola imoto okuhamba kanye nokudla.

uHlengiwe Zulu ohlala Emlazi ka E ongaphansi kohlelo lokuhlolwa kwezintombi uqale ngokubonga uMama obahlolayo uMama uRita okuwuyena owasungula iqembu labo 'Ubuhlebesizwe SamaZulu', wakubeka obala ukuthi uMama uRita uyena obagqugquzelayo ukubaluleka kokuthi baziphathe kahle aphinde abafundise nangezinto okumele bazigweme njengamantombazane asakhula uma befuna ukuya phambili empilweni.

UHlengiwe ugcine ngokubonga Umlacto kanye noMasipala wetheku ngokubavulela inkundla yokuthi bazobungaza amasiko baphinde bazomela iqembu labo lezintombi.

# iKZN namuhla ibungaze usuku lwamagugu yaphinde yagubha i-anniversary ka-25 years

**Nokubonga Mzulwini**

IKZN Namuhla okuyiphephandaba lomphakathi eliyintandokazi yeningi beligubha iminyaka engamashumi amabili nanhlanu osukwini lokugcina langempelasonto mhla ziyi-24 kuMandulo eThekwini, eBet Centre.

Lomcimbi obe yimpumelelo ubuhlelwe Umhleli walo leliphephandaba uNksz Sheila Mhlongo, kanti akugcinanga lapho uNksz Mhlongo ube esenquma ukuwenza lomcimbi uhambiselane nokubungaza usuku lamagugu aphinde ahlele umcimbi wokubungaza amaciko asemalokishini asafufusa ngesizathu sokuwakhuthaza ukuthi aqhubeke angapheli amandla ngoba imisebenzi yabo iyabonakala.

UNksz Mhlongo wamukele bonke abebekhona ngokwezikhundla zabo, wabe esechaza inhloso yosuku. Uchaze inyanga kaMandulo njengenyanga ebaluleke kakhulu empilweni yakhe ngesizathu sokuthi amadodana akhe amabili azalwa ngayo lenyanga kanti futhi lenyanga ibalulekile esizweni samazulu njengoba kusuke kugujwa usuku lwamagugu.

uNksz Mhlongo ube esechaza kabanzi ngomncintiswano owangenelwa amaciko asafufusa kwazise phela uyena ongumsunguli aphinde abe umhleli we KZN Namuhla Artists Awards, uzwakalise ukuthi lomncintiswano wokuqhudelana kusetshenziswa uhlelo lokuqokwa kwamaCiko uqale ngenyanga ka Meyi kwabe sekulandela uhlelo lokuqokwa ngokuvota



Esithombeni : uMhleli wephephandaba iKZN Namuhla kanye nomcimbi wokuklonyeliswa kwamaCiko uNksz. Sheila Mhlongo uNksz Mpume Chamane bedlulisa indlondo ku Nksz Londeka Phoswa we The Rhythm Fashion Design



kusetshenziswa uhlelo lwe SMS kwaze kwaba kufika usuku lokutonyulwa amaCiko adle umhlanganiso ezigabeni ezahlukene okubalwa, Maskandi, Gospel, Afro Pop, Hip Hop, Special Awards ngokwezigaba ezahlukene okubalwa phakathi kwazo, abakhubazekile, abezinhlangano zomphakathi, Best Presenters, Poetry, kanye ne Fashion Designer.

uNks Mhlongo ubonge wanconcoza ngenkathi ephakamisa iphuzu lokuthi kulonyaka sikhuphuke kakhulu isibalo samaCiko abengenele lomncintiswano uma kuqhathaniswa nonyaka ophelile ka 2022, kanti lomncintiswano uphinde waheha amaCiko avela nakwezinye izifundazwe okubalwa phakathi kwazo iGauteng, Eastern Cape kanye nakhona lapha KwaZulu-Natali. Amaphephandaba ahlukahlukene nawo aphume ngokukhulu ukuzimisela ezokweseka aphinde abongise uzakwabo emcimbini wakhe.

Amaciko nawo aphinde anikezwa ithuba kanye nenkundla yokuthi enze adume ngakho okubalwa abaculayo kanye nabahaya izinkondlo.

Izihambeli ezikwazile ukugcina isimemo nazo zikhombise okukhulu ukujabula nokukhuthazeka ngenkathi zibona umcimbi obuhlelwe uNksz Mhlongo. Kwizihambeli ezikwazile ukuphumelela ukuzothamela lesi sigcawu kubalwa Indlovukazi Mapule ovule ngomthandazo, uMnu Linda Mbonambi oyiNhloko yoPhiko lwe Area Based Management kuMasipala weTheku, owemukele izihabeli zomcimbi, kube uNksz M S Pupuma oyiNhloko eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezeMvelo obemele uNgqongqoshe uMhlonishwa S Duma, waphinde wethula inkulumo yokhuthaza amaCiko kanye nokuwanika ulwazi mayelana nezinhlelo zokuthuthukiswa kwamaCiko kuwona umnyango,kube uNobhala we CIFSA okuyinhlangano ebhekele amaCiko eNingizimu Afrika, uDJ Sobz, obonge iKZN Namuhla ngomsebenzi omuhle wokuhlonipha amaCiko ngomsebenzi wawo njengoba esikhathini esiningi enganakiwe wabe esewakhuthaza ukuthi asondele ajoyine ukuba amalunga ayo inhlangano ukuze asizakale.

Lomcimbi ulethe enkulu intokozo kulaba abayingxenye yezamaciko waphinde wabagqugquzela ukuthi bazimisele futhi benze kancono kwazise phela bahlezi bekhala ngokuthi igalelo labo kulomkhakha ushaywa indiva njengoba bengakaphumeleli besazizamela.

Abadle umhlanganiso bakonyeliswa ngezitifiketi kanye nezindondo, Iciko eliwashaye wonke emakhanda uSphesihle Mthembu odume ngelika Ibhunu Leplazi owenza umculo kaMaskandi kanye neAfro Pop yena uwole izindondo ezine ezigabeni ezahlukene waphinde wathola nomklomelo wamavoti amaningi ukwedlula wonke amaCiko.

# SekuneKasi Fun Day eMlazi

IKASI FUN DAY TOUR inhlangano esungulwe u-Nhlakanipho Khanyile ebambisene noNhlanhla Ngidi kanye no Bullet ngenxoso yokujabulisa izingane zaseMLazi.

Lenhlangano ehambela izikole ZaseMlazi njalo ngolwezihlanu bayivulele ukwandisa ezokugcebeleka nokujabula kulelilokishi laseMlazi, ukwehlisa izinga lezidakamizwa nophuzo ezikoleni kusho uNhlakanipho owaziwa ngelika Dosche uqhube wathi bazimisele ukuhambela zonke izikole ezikhona kulelilokishi.

Bamema zonke izingane ngomhlaka 25 November bazobe benendumezulu yezinhlobonhlobo zemidlalo enkundleni yezemidlalo esigcemeni sakwa E eMlazi uma ufuna ukuzozijabulisa ungeza wonke umuntu uvumelekile.

**Izikole ezisezithombeni asebezihambele**

1. Skhumbuzo Primary School
2. Maphumzane Primary School
3. Mbalasi Primary School





# ITheku lethule owokuheha izivakashi

ITHEKU selimi ngomumo ukwamukela izivakashi ezilinganiselwa ezi_950 000 ezizotheleka kulo ngalamaholidi kaDisemba.

Lokhu kudalulwe yiMeya yeTheku uMxolisi Kaunda ngesikhathi ethula umkhankaso obizwa ngeDurban Sizzling Summer Campaign eSilokazi KwaNgcolosi muanje okuhloswe ngawo ukuheha izivakashi kulamaholidi asehlobo.

Lo mcimbi obusekuqaleni kukaMandulo (September) usuqalile ukukhombisa ngezindlela okuhloswe ngazo ukuheha izivakashi eThekwini eziqhamuka emazweni angomakhelwane bangaphandle kweNingizimu Afrika.

UKaunda uthe idolobha seliqalile ukuvuselela izindawo zokuvakashelwa nokuqhakambisa amanani azo kanjalo nokubaluleka kokuphepha kwazo.

"IDurban Tourism izosiza kakhulu ekuqhakambiseni izindawo ezizovakashelwa, ezizosabalaliswa ezinku.ndleni zokuxhumana nasemisakazweni kazwelonke. "Indawo iSilokazi okwazi ukubuka Inanda Dam ukude ingxenye yezicashile futhi ephambili eThekwini, kusho uKaunda. Lena manani nezokuphepha kwazo.

Uthe lena yimizamo yokuvuselela ezokuVakasha emva kwezikhukhula ezamosha okuningi nyakenye.

Udalule ukuthi iTheku selihehe izivakashi zasemazweni omhlaba eziyi_123 364 ezifikele eShaka International Airport okuyisibalo esenyuke ngo_126% kwesanyakenye. Izibalo zabangaphakathi kwezwe zikhuphuke ngo_22,% ezilinganiselwa ezigidini ezi_2.1 ( million).

"Izibalo sezindawo zokuhlala kulindeleke sikhuphuke ngo_62% njengoba esanyakenye besingu__57%. Umnotho ungase ukhuphuke ngoR5.2 billion okulindeleke wakhe amathuba emisebenzi eyozi_10 000," kuphetha uKaunda.

Ngeminye imininingwane ungangena kwi website www.visitdurban.travel

LALAKAHLE **SHENGE**

# Makahlonishwe ngezifiso zakhe uShenge

Nash Ngcobo

UKWAKHIWA kweNingizimu Afrika engcono nenoxolo lwaphakade phakathi kwabamnyama, wukuqedwa kwenkohlakalo nokwamukelana ngokwezinkolo namaSiko, yisona sipho uDkt Mangosuthu Buthelezi (95) okufanele abongwe ngaso eselele kobandayo.

Nakuba kungekho soka elingenasici, sekuyisikhathi sokuxolela umuntu osephumule okwafuthi onjengoShenge, owendele koyisemkhulu efisa ukubuyisana nabo bonke ayephambene nabo ikakhulukazi iqembu lakhe le_IFP nele_ANC.

Ngeshwa uze wahamba kungakenzeki, kodwa bakhona abesebemxolele ngokuthinteja kwegama lakhe ezibhelwini zodlame lokubulalana komnyama nomnyama.

UShenge ubefisa iphele nya inkohlakalo egubuzele uhulumeni weqembu elibusayo, egqugquzela ukuvuswa konembeza bokusebenzela abantu kulabo abasezikhundleni zikaHulumeni.

Lokhu kufakazelwe wuMengameli weZwe uMnuz Cyril Ramaphosa enkulumweni yakhe enkonzweni yomngcwabo kaSokalisa ebisePrince Mangosuthu Buthelezi Stadium Olundi.



Uthe lo mholi ubekithanda izwe lakhe nendawo abehlala kuyo eMahlabathini futhi ebulwela ubuholi obuqotho, ukugcinwa kwamasiko, inkolo futhi engumfundi omkhulu weNkosi u_Albert Luthuli.

“Ubeyizwi labanganakiwe nabacindezelekile nabayizisulu ngezindlela ezahlukene. Usixoxele izindaba nomlando ngomxulo, wahambepa futhi wahlonipha wonke amahlelo ezenkolo.

“Akazange ambangcaze ngento embi nangayifuni, ubeyisho njengoba injalo bese efuna isixazululo sayo kulabo abenza lokho ngaphambi kokuthi iuqhutshekelwe phambili, " kusho uRamaphosa.

Uthe umlando uyosehlulela ngakho konke obekuphuma ecekeni emibonww

Uthe uShenge ubenombono ofanayo neningi wokwakhiwa kweNingizimu Afrika engcono, engayizibi into embi eyenzekayo, ekhuluma okusuka ngaphakathi kuyena njengoba ebelokhu ekufise njalo ukubuyisana ne_ANC avuselele ubulungu bakhe.

Kulokhu kubuyisana bekungasho ukuqedws kwe_IFP kodwa ubefisa ukufundisana ngokuhle nokubi lamaqembu okufanele asebenzele phezu lwakho ukuze kusetshenzelwe abantu ngobuqotho.

## Makakhululwe agoduke uShenge

Nash Ngcobo.

KUNESISHO esithi kuxolelwa abanjani esivame ukushiwo yizincitha buchopho nabantu bakamoya oyingcwele.

Akugcini lapho kunesinye esithi akukho soka elingenasici, okuyinto okufanele singayihlukaniso nempilo ephilwe nguNdunankulu waKwaZulu nomsunguli we_IFP uDkt Mangosuthu Buthelezi osewendele koyisemkhulu.

Lo mholi obemdala kunabo ePhalamende likzwelonke uke wenyanyeka kanjalo wathenda kwabaningi ngenza yezinkolelo zakhe.


Okwenza ngivule ngala mazwi yingoba uShenge ushona nje ubesephumele obala ezwakalisa izifiso zakhe zokubuyisana nabantu ayephambene nabo kwezomvusazwe, iningi labo eselizwakalise ukumxolela lasho ukuthi makakhululwe agoduke.


Lesi sisebenzi somphakathi silimelile iqiniso ngokungenzi kahle kwabanye abaholu, sivule elinye ikhasi lomlando sazakhela ugazi nakwababengasithandi.

Ukumelana nobulungiswa kanjalo nokuxazulula izinkinga zaseNdlunkulu kaZulu, yoona ayokhunjulwa ngakho nakuba kukhona abebengasamfuni.

Kuningi akumelile uShenge kwaze kwaba sekugcineni kwezinsuku zokuphila kwakhe, okufakazelwe yindlela aphelezelwe ngayo.

Kuningi osekushiwo ngomfokaMathole, engikufisayo





wukuthi abe yidlozi elihle elizofafaza umoya wobunye bokusebenzela abantu kuHulumeni obusayo, kuphele nenkohlakalo abelokhu ekhale ngayo kwaze kwafika izinsuku zakhe zokugcina.

Njengoba kuyiwa okhethweni ngonyaka ozayo, ngifisa abe yidlozi elihle lokuhlanganisa yonke imihlambi eyalanayo, isebenzele ubunye bokulwa nenkohlakalo kusetshenzelwe abantu abasacindezelekile ngenxa yenkohlakalo nabasabulawa yindlela ngokungenasidingo. Makangene konembeza babaholi bayeke inkohlakalo basebenzele abantu ngeqiniso.

Makuhweleze umoya wobunye esizweni esimnyama, owokusebenza ngokuzinikela nokubeka abantu phambili kuyekwe inkohlakalo ukuze kuthuthuke iNingizimu Afrika ne_Afrika yonkana.

Azibuye zonke emasisweni, hlangana mhlathi owazanayo bese kubulawa zonke izimpondo zabathakathi. Phumula Shenge! Yiba yidlozi elihle esizweni ezimnyama, kuphele abantu, kubuye nethemba lokwenzeka konke okungcono

UMBUKISO WENGQEPHU ETHEKWINI

# Ingqephu ibidla umunyu eThekwini

## *Embukisweni weHouse Of Saint Luke*

BABHEME bakholwa abathandi bengqephu embukisweni wayo obuseNorth Beach Amphitheatre eThekwini ngempelasonto.

Lo mbukiso bewethulwa nguMxolisi Luke Mkhize weHouse Of Saint Luke oshiye abantu bengawuvali umlomo ngokuphakama kwezinga lawo.

Abaxhasi balo mbukiso kaKhabazela be bekunguMita_M waseThekwini, uNivaldo Thirty waseMozambique, uTobch waseGoli noZuriel By Luis Munana waseNamibia.

Lo mkhangisi wengqephu osemnkantsh'ubomvu ukhiphe okunye unyawo njengoba ewuvule ngomculo omnandi kanti uhlelo beluphethwe nguSmangaliso Mhlongo.

Ukuphakama kwezinga la lomcimbi kufakazelwe ukubakhona kwesikhondlakhondla esing Mxolisi, odle ngokuthungela bonke ubulili.

Umdidiyeli walo mcimbi bekunguDerrick Mhlongo osishiye singawuvali umlomo ngendlela obekunandiswa ngayo.

Bekunandisa i_Afrosoul ebidlisa ngengoma yayo "WeMgqibelo" , uMelody Sphelele Mgadli waseMlazi, uMbuso Khoza we_Ijadu le_Afrika, uSphe The Vocalist, uSbusiso Manqele, Izingane zikaKiss.

Abafisa ukuthungelwa bangaxhumana noMxolisi ku_ instagram @mxolisiluke, uDerrick angalandelwa ku_instagram: derrick_mhlongo



Mxolisi Mkhize



Derrick Mhlongo



Amalungu eAfrosoul Sabelo Ngema noThandeka Zulu embukisweni wemfashini ngempelasonto.





UMBUKISO WENGQEPHU



# Abasalanga ngaphandle abaseMlazi kowe_DFF

USIBU Msimang noDuke okungabasiki bengqephu abasalanga ngaphandle kwiDurban Fashion Fair okuvalwe ngayo lenyanga yamaGugu eThekwini.

USandile Mlambo we_Alfafa ujabulise izethameli ngenoni leculo elithi" Njomane" elijwayele ukuzwakala emidlalweni kamabonakude uShaka Ilembe.

Le liculo lihlanganiswe wuMbuso Khoza lase liculwa nguNomvula Minnie, ocikoze kwathula cwaka.

Okuthathe amehlo ezithameli zomcimbi yingubo ebigqokwe nguNomvula enombala o_ pink ethungwe nguMlambo we_Alfafa ngaphansi kwengqikithi kaBarbie.

UMBUKISO WAMABHIZINISI

# Bekunendumezulu yeBusiness Fair eThekwini

**Nokubongwa Mzulwini**

UMASIPALA weTheku uvale inyanga yamaGugu nezokuVakasha ngendumezulu yombukiso wezamabhizinisi.

Lo mbukiso obizwa ngele Business Fair ovulela amathuba kubo bonke osomabhizinisi ngokwamazinga abo.

Lapha bekukhangiswa ngemikhiqizo yesikhumba, amakhekhe, izingubo zokugqoka ezinhlobonhlobo nokunye okuningi.

Ibhizinisi lomculo alisalanga ngaphandle njengoba abaculi namaqembu omculo abenandisa ikakhulukazi abomculo wesintu.

Abaculi abebegqamile ngabakamaskandi obekukhona kubo uMthandeni.

Akasalanga ngaphandle usaziwayo uNgizwe Mchunu ozibiza ngoMengameli wamaBhinca, unontandakubukwa woqobo. Impela bekukuhle kudelile.



ZILINGANISELWA ezi_20 231 izethameli zeDurban Business neFashion Fair yalo nyaka ebezizokweseka abantu bendawo. Abakhangisi bemikhiqizo enhlobonhlobo bona bebelinganiselwa ema_609 kanti obekuphambili wukukhuphuka kwezinga lemikhiqizo ebikhonjiswa. UMasipala weTheku uklomelise amabhizinisi enze kangcono ngenhloso yokuwakhuthaza ekukhuphuleni izinga unyaka nonyaka.






## Kubizwa ukukhulela ngoqo womhlangano wabalandeli baMaZulu FC

**Nash Ngcobo**

UBUHOLI baMaZulu FC bubiza ukhukhulela ngoqo womhlangano wawo wonke amagatsha abalandeli bawo ozokuba seThekwini ngoNovemba 25.

Lo mhlangano engakaziwa indawo nesikhathi ozohlanganela kuyona, uzoqondaniswa nomdlalo wawo neStellenbosch FC ozokuba seMoses Mabhida Stadium ngo 3h30.

Kulindeleke wonke amagatsha ukuthi okungenani athumele izithunywa ezinhlanu ezizokwethula iziphakamiso zawo ebuholini beqembu. Lezi zindaba zipotshozelwe le liphephandaba nguJaphta Malinga ongusihlalo we_Ace Mnikathi Branch yaseHammarsdale. Uthe okuphambili kulo mhlangano wukwethulwa komxhumanisi omusha uPhilani Ndlela bese kubekwa nesiphakamiso sokuvuselelwa kwekomidi elikhulu labalandeli elahlakazwa. Uqubeke ngokuthi kunesidingo esikhulu sokuvuselelwa nokwakhiwa kwamagatsha amasha ukuze kufinyelelwe esibalweni sabalandeli boSuthu abayi_ 1000 000 okungesinye sezifiso zikaMengameli walo uSandile Zungu.

Njengamanje uSuthu lunamagatsha asemthethweni angama_22, okuyisibalo esincane kakhulu sokufeza izifiso zikaZungu.

Kulo mhlangano kubukeka kuzoqala nezinhlelo zomgubho weminyaka eyi_100 le liqembu lasungulwa.

Njengamanje lisalelwe yiminyaka eyi_9 lifinyelele kule minyaka ngo_2032 njengoba lasungulwa ngo_1932.

Kunxuswa bonke abalandeli bale liqembu elinomlando futhi elasungulwa eNdlunkulu kaZulu yiSilo uMaphumuzana uSolomon kaDinuzulu. Hebeee! Hebeee! uSuthu! Hebeee! uSuthu!!

# UPrimo uzogqokisa awe_ABC Motsepe

AMAQEMBU aKwaZulu_ Natali adlala kwi_ABC Motsepe League, asethole ukuxhaswa yinkampani yakwaPrimo ngejezi. UGian Chidoni ongumqondisi wakwaPrimo uthe bazogqokisa wonke amaqembu adlala kule ligi isikhathi esiyiminyaja emithathu (3rd) "Sizobuyekeza Lo luxhaso emva kweminyaka emithathu ngenhloso yokwehlisa umrhwalo wezindleko kubanikazi namaqembu akulesi singaba. " Siyazi ukuthi kunzima kangakanani ukumelana nezindleko kubanikazi namaqembu, yingakho sifake igxalaba ngokubaxhasa ngamajezi," kusho uChidoni.

Uthe wonke amaqembu aKwaZulu_ Natali angama_20 azodlaka egqoke le lijezi emidlalweni yasekhaya neyasekuhambeni.

Akugcinanga ngomxhaso wejezi kula maqembu kodwa abuye agixabezwa ngomqhudelwano wendebe ozobizwa ngePrimo Cup amaqembu azoqhudelana kuyo.



ASEHLOBE kanje amaqembu aKwaZulu_Natali agijima kwi_ABC Motsepe League emva kokuxhaswa ngejezi lakwaPrimo

Iqembu elidle umhlanganiso kulo mqhudelwano womkhumulajezi lizohlabana ngesamba sikaR50 000. Isibili sithole uR20 000 kwathi isithathu sathola umthobanhliziyo kaR10 000.

UMazwi Mkhize onguMengameli weSafa eThekwini usishayele elikhulu isenzo sabakwaPrimo. Uthe yiligi yaKwaZulu_Natali kuphela okuxhaswe kuyo isigaba se_ABC Motsepe League, abakwaPrimo benze okufanelekile kanjalo nabanikazi namaqembu mabayeseke le nkampani iPrimo.

Unxuse zonke izikhulu ezimnyama ezihlala emakomitini athatha izinqumo ezinkampanini ngokuyeka umkhuba wokubukela phansi unobhutshuzwayo uma uqhathaniswa nezinye izinhlobo zemidlalo uma sekuziwa ekufakeni izimali kulo mdlali.

Uphethe ngokunxusa abanikazi bezinkampani ngokuyeka ukwethembela ezimenenjeni ngokusabalalisa ukuzibandakanya kwezinkampani zazo ekubuyiseleni emphakathini.

Udlulele kubanikazi namaqembu ngokusondela kuwo ukubheka ukuthi izinto zenzeka ngendlela efanele nelethela iqembu isithunzi nokuhlonipheka kwabadlali.

